

UKUYEKELA INGCINDEZI

¶ Ngiyabonga, Mfowethu Ruddell. Ngijabula kakhulu ukwazi ukuthi nginendodana eVangelini. [Umfwethu usho okuthize—Umhl.] Ya. Awu, kuhle. Lokho kuhle. Yebo, ngimthokozela ngempela uMfowethu Ruddell. Futhi ngi—ngikhola ukuthi uPawulu wake waba nayo indodana ethiwa nguThimothewu. Wayembiza ngendodana yakhe eVangelini.

² Futhi uma ngingaqinisekile, loFlossy Ford, wayevamise ukuba? [UDadewethu Flossy uthi, “Yebo.”—Umhl.] He, bakithi! Flossy, ngi... Sekube yisikhathi eside. Yebo, sekube yiso. Ngiyakhumbula, ngisengumfana, umfowabo, uLloyd, nami sasivamise ukuthi sihambahambe ndawonye. Futhi wayevame ukubhaka amakhekhe amakhulu, niyazi, futhi sasenyukela lapho futhi sidle size sithi nje sicishe sigule, yikho.

³ Ngiyakhumbula ngesiny'isikhathi bangicela ukuba ngenyuke, uLloyd wakwenza. Futhi thina...UFlossy wayebhakile. Wayeseyinganyana nje ngaleyonkathi. Wayebhake ikhekhe elikhulu, futhi-futhi siyadla nje saze asangadla. Ngacabanga, “Manje, ngizohlala ubusuku bonke noLloyd.” Kwase kuthi akube mnyama, niyazi, futhi nga—ngacabangela ukuthi nje ngangifanele ngiye ekhaya. Futhi ngakho nga—ngasuka futhi ngagijima ngehla ngomgwaqo, futhi ngangisabela okokufa, ngizama ukuya ekhaya.

⁴ Futhi ngi—ngiyamkhumbula ubaba wakhe. Umama wakho usaphila, ngiyethemba. Awu, lokhu kuhle. Futhi kade kunenqwaba yamanzi ehla kulowomfula kusukela kulezozinsuku. Yebo. Nakhu lapho esikhona manje, sobabili abantu abaphakathi nendawo ngeminyaka, omkhulu nogogo. Awu, kodwa, kuneZwe lapho asingasayi kuguga. Niyabo? Ngijabula kakhulu ukwazi, Flossy, ukuthi ubheke leloZwe, futhi isiqiniseko uyoLithola.

⁵ NoJim, unjani uJim na? Ngabe u... Yebo, ngiyakukhumbula lokho. UJim, lowo ngumyeni wakhe. Futhi ngimkhumbula kahle. Futhi ngangazi abambalwa babantwana. Sithi ukuthi, ngalesosikhathi, ngase ngisensimini, ngenkathi beshada, nabantwana babo behkula. Futhi sathi ukwehlukana, niyazi, komunye nomunye.

⁶ Ngiyambona uMfowethu Lloyd kanye ngasikhathi, ngimumpongolozela ezansi, esitaladini. Bangiphekele ukudla okuningi. Futhi ngibe...njengomfowethu nodadewethu wangempela.

⁷ Manje, ngijabula kakhulu ukubona ukuthi ukufuqa kokuqala kukaMfowethu Ruddell kwakulapha kulendawo;

ukuguqula, eqala ukuphuma, waguqula indlu yokudlela engasemgwaqeni yaba yindlu yeNkosi. Lokho kuhle kakhulu.

⁸ Futhi, kusobala, niyazi, uma ngezinye izikhathi uma ungarbona noma yini ingakenzeki, uyazi, futhi—futhi—ke lokho kukwenza kube ngcono. Ngakho sasingabona kungakenzeki ukuthi kwakukhona into ethize kulomfana. Futhi wayenamahloni. Ubabayi wakhe nami, lapho, sasivame ukusebenza ndawonye iminyaka eyadlula. Futhi ngangazi ubabayi wakhe wayekuthathela phezulu nohamba akuthole, ngakho kungani lokho kungabi kumfana na? Ngiyazi wayenomama othandekayo. Ngakho, wayezalwa ngumzali wesilisa okahle, ngakho kwakuyobakhona into ethize enhle emva kwakhe, niyabo. Nalokho kulangazelela enhliziyweni yakhe, ukukhonza iNkosi! Uma utwa lubizana noTwa, kuzofanele kube noTwa olusabela kulokho kubizwa. Futhi ngijabula kakhulu ukubona uMfowethu Ruddell eqhubeka.

⁹ Lesisigejane esimangalisayo sabantu phezulu lapha. Futhi kuyinhlanhla enku kimi, kulobubusuku, ukwenyukela lapha, nokukhuluma kulesisigejane sabangcweli abagogobele lapha. Asi...Lena akusiyo indawo yethu yokuhlala, niyazi. Siyizihambi. Siyizo. Asikho ekhaya.

¹⁰ Ngiyakhumbula, Dadewethu Ruddell, ukuthi wawuza kanjani naye futhi nihlale lapho. Futhi wayegobisa ikhanda lakhe. Futhi wawunenqwaba yokwethembra. Impela babenayo. Wayekholwa ukuthi wayeyo—wayeyoshumayela iVangeli. Futhi ngakho enenkosikazi elungileyo njengaley, nobaba nomama, futhi bonke bemkhulekela, kwakufanele kwenzeke into ethize, Mfowethu Ruddell. Ngakho nansi. Futhi ngiyakhuleka, Mfowethu Ruddell, ukuthi lena nje kuzoba yi—yindawo yakho yokuma, lapho ogxumela khona kokuphakeme kakhulu kokuphakeme, wenzele inkazimulo yeVangeli.

¹¹ Ngiyazi ukuthi uMfowethu noDadewethu Ruddell, uMax lapho, bebengazizwa bejabule ngakho, kulobubusuku. Ukuthi ngingathanda kanjani ukubona uBilly Paul ema epulpiti. Futhi ngithembra ukuphila ngoluny'usuku ukubona uJoseph emi epulpiti. Nalokho kuhle kakhulu.

¹² Imishikashika yethu nezinkathazo-ke esinazo, ukhulisa abantwana bakho bedlula ebubhungwini nasebutshitshini nezinto, lokho kusenza sizizwe sikahle-ke. Ubuке emuva futhi ubona ubumpunga ezinweleni zikababayi wakho, nezinto. Khumbulani, okunye kwenu—okunye kwenu kokwenza izinto ezingalungile kubabeka lapho. Futhi lokho—lokho kunjalo.

¹³ Awu, kuhle ukuba lapha. Futhi ngithe nje ukusha izwi kancanyana. Kade ngishumayela. UMfowethu Gene Goad nami sithathe uhumbo oluncane, izolo, futhi sehla. Futhi inhlanzi ibidla. Futhi—futhi ngakho sibe nesikhathi esihle, singena sekuleyithi. Futhi sithe ukuphumela emanzini,

futhi kuthe ukuba makhazanyana, kodwa ngithemba ukuthi niyangibekezelela.

¹⁴ Manje, silungiselela ukuhamba ngomkhankaso wasehlobo, cishe umkhankaso wezinsuku ezingamashumi ayisishiyagalolunye. Sibheke ukubuya futhi ekugcineni kukaAgasti, ukuqala kukaSeptemba. Futhi siyawela manje. Ngaleli—leliviki, ngiqala eGreen Bay, eMichigan, ngibuye eChicago ngenzele iSonto ntambama, esikoleni esiphakeme, engqungqutheleni. Ngizokhuluma ngengqungquthela yasekuqaleni yeChristian Business Men eGreen Bay, eWisconsin. Bese kuthi-ke, kusukela lapho, ngiye eChicago. Bese kuthi-ke ngoMsombuluko, ngiseChicago, e—emhlanganweni wengqungquthela, umbuthano wobuthunywa benkolo ngenzele uMfowethu Joseph Boze. Bese kuthi-ke ngibuye ekhaya, ukuba ngenyukele eningizimu, eSouthern Pines, eNorth Carolina, futhi ngehlele eSouth Carolina. Bese-ke ngiwelela eCow Palace eSouth Gate, eLos Angeles. Nginamashumi amane ayinqaba amabandla eOneness exhasa leyomihlangano. Okokuqala ukuba iOneness ize ixhase umhlangano wami.

¹⁵ Manje-ke ukusuka kwe—kwenyuke, eCalifornia kudabule eOregon, kuqhubekele eCanada. Futhi ukusukela lapho, ngingene eAnchorage, eAlaska. Bese kuthi-ke ngibuye futhi ngalekwindla, lapho uMfowethu Joseph Boze eya khona eKenya, eTanganyika, eUrban, eAfrika, eNingizimu Afrika, ukuhlela imihlangano yakamuva ekwindla.

¹⁶ Manje, ukuba ngithi nginokuholwa ukuba ngihambe ukuya kunoma yiziphi zalezizindawo, anginjalo. Kodwa ngiyewza ukuthi kufanele kuhlwanyelete iMbewu ndawondawo, ngenze noma yini engingayenzela uMbuso.

¹⁷ Futhi manje asikhothamise amakhanda ethu nje futhi ngelinje izwi lomkhuleko. Kungesikho ukuthi asikhulekelwanga, kodwa ngithanda nje ukucela iNkosi ukuba ingisize lapha manje, ukuthi izongihlinzekela amaZwi athize.

¹⁸ Baba wethu waseZulwini, sisondela manje esihlalweni sobukhosi saKho somusa, eGameni leNkosi uJesu, Osinika imvume futhi usiyala ukuba size, futhi sizophiwa izinto esizicelayo, njengoba sisondela. Manje, angeke sicele, nhlobo, ukuba sime ekwahluleleni kwaKho. Kodwa sifuna ukuma esiHlalweni soMusa, ukuze sizothola umusa, sivuma ukuthi sinephutha. Futhi akukho kuzwakala kithi. Kodwa sizethula thina qobo lwethu, Nkosi. Akukho esingakunikela, nje umkhuleko weNkosi yethu uJesu, nokuyala, ukuthi Washo lokhu, “Ozwa amaZwi aMi, futhi akholwe NgoNgithumileyo unokuPhila okungunaphakade, futhi akasayikuya ekwaHluleleni, kodwa wedlulile ekufeni wangena ekuPhileni.” Siyakukholwa lokho. Wasitshela ukuba size, sicele noma yini eGameni laKhe, kuyophiwa. Siyakukholwa lokho.

¹⁹ Phezu kwezisekelo zokukholwa kwethu, siyeza, sicela ukuthi Ubusise lelibandla, nomfowethu onomusa, uMfowethu Ruddell, nomndeni wakhe, nayoyonke iminden i omelwe lapha.

²⁰ Njengoba ngibuke ngale futhi ngibona uNkk. Morris lapha, kulobubusuku, nokucabanga ngezinsuku ezedlulayo. Futhi, Nkulunkulu, njengoba ngishilo kuye, izinqwaba zamanzi yehle ngomfula, nezingozi eziningi, imishikashika, nezingibe. Usuvele usedlulisile kukho, Nkosi, nethemba lethu likuWe, ukuthi siya ekupheleni komgwaqo, kuWe.

²¹ Busisa lendawo. Beka iGama laKho phakathi lapha, Nkosi, futhi baphe okuhle ukwedlula konke impela okwabelwe lendawo. Kwangathi ububi, njengoba umfowethu ekhulekile, kulobubusuku, lapha, lensizwa, ikhulekele ukuthi Uzosusa zonke izithiyo. Siphe khona, Nkosi. Phendula umkhuleko wayo.

²² Philisa abagulayo ophakathi kwethu. Nikeza insindiso emphefumulweni walabo olambele futhi owomele ukulunga. Futhi manje, Nkosi, ngewelisa iphimbo no—nomzamo wenceku yaKho engenanzozo. Futhi busisa iZwi laKho, futhi kwangathi Lingebuye lihambaze. Kodwa li, kwangathi Lingabanjalo, ukuthi Lizofezekisa lokho eLihloselwe khona. Kwangathi uMoya oNgcwele ungathatha izinto zikaNkulunkulu, kulobubusuku, futhi ukhuthaze izinhliziyo zethu, kusukela kokukhulu kunakho konke kuya kokuncinyane. EGameni likaJesu Kristu siyakucela. Amen.

²³ Manje, kulokhu ukusa, ngishumayele isikhathi eside. Futhi bengingazi ngokushumayela. Bengithi nje ukufundisa isifundo sikaSonto sikole. Ngoluny'usuku, ngafundisa amahora ayisithupha. Ngeke kwaba kubi kangako, kulobubusuku, ngiqinisekile.

²⁴ Kodwa nginendikimba encane nje lapha, engithanda ukufunda omunye umBhalo, ngoba ngiyazi amaZwi aKhe awayikwehluleka. Awami angahluleka. Awami angakwenza. Futhi ngizozama ukugcina izwi lami likahle nelaKhe, futhi ngithathe iZwi laKhe; ngithathe izwi lami, ukwakha ingqikithi ngaseZwini laKhe, njengoba siyisebenzisela ingqikithi.

²⁵ Ngifuna ukufunda izindawo ezimbili, kulobubusuku. Ngifuna ukufunda eNcwadini yeZaga, esahlukweni 18, nevesi 10, okwendawo eyodwa. Nenye indawo, ngifuna ukufunda uIsaya 32:2. Manje kwiZaga 18:10.

*Igama leNkosi lingumboshongo onamandla:
olungileyo ugijimela kuwo, balondeke.*

²⁶ NaseNcwadini kaIsaya, isahluko 32, amavesi 1 nele 2.

*Bheka, kuyakuba-khona iNkosi ebusa ngokulunga,
isikhulu zibuse ngokwahlulela.*

*Umuntu uyakuba-yindawo yokucashela umoya,
nesivikelo esivunguvungwini; njengemifula yamanzi*

endaweni eyomileyo, njengomthunzi wedwala ezweni eliyethileyo.

²⁷ Futhi manje endikimbeni, ngifuna ukusebenzisa lokhu njengendikimba, yekela... *Ukuyekela INgcindezi*. Leyo yindikimba eyinqaba, “Ukuyekela ingcindezi.” Ngikhethethe lena ngoba leyo, ngaphambi kokuza emhlanganweni, ngihlala njalo ngizama ukuthandaza, nokuzama ukufuna iNkosi. Hhayi ukuma phambi kwanoma yiliphi ibandla, elincane noma elikhulu, oyedwa kuya esigidini, obekungaba ukuma lapho kungesikho ukubonwa noma ukuzwiwa, kodwa ukwenza into ethize ukukhazimulisa iNkosi yami, ngakho-ke, ngibona isidingo sabantu.

²⁸ Futhi ngeke ngize lapha ukuba ngizwiwe, ngoba angisuye owokuba alalelwé kangako; iphimbo elibi, hhayi indoda efundile. Futhi angikaze ngihlale nendikimba yami; ngikweqa konke, kusuka kuGenesise kuya eSambulweni. Futhi a—angisiso i—i—isikhulumi esiyingeweti, kodwa ngiyayithanda iNkosi. Futhi a—angeke ngamthanda uKristu kuze kuqala ngithande abantu baKhe. Niyabo? Ngifanele ngithande abantu baKhe. Ngakho uma ngithanda abantu baKhe, khona-ke ngyiaMthanda.

²⁹ Bese kuthi-ke ngifuna ukuba njengoba Enza. Ngifuna uku—ukwenza izimpokophelo zami zifane nezimpokophelo Ayenazo, futhi, lokho kwaku, ngizama njalo ukwenza okuhle, ukusiza umuntu mumbe.

³⁰ Futhi ukubona lolusuku esiphila kulo, futhi ukwazi ukuthi lelibandla lapha linomelusi okahle...

³¹ Manje, angisho lokho ngokududa, ngikusho kusuka enhliziyweni yami. Uma ngisho noma yini ngokwehlukile, ngyio—ngiyoba ngumzenzisi. Futhi ngi—ngiyakholwa ukuthi lelibandla linomelusi oyoma eQinisweni, kungakhathaleki ukuthi kufikani noma kwahambani. Ngiyakukholwa lokho. Lokho ngukuzethemba kwami endodaneni yami—yami. Futhi ngi—ngiyakukholwa lokho. Futhi ngi... Futhi ayisabi nakwesaba. Futhi wena... Ngikholwa ukuthi ingehloniphekile, indoda engcwele, ethunywe evela kuNkulunkulu, nenkonzo yalolusuku lokugcina. Futhi ishumayela ingxenyé efanayo yeZwi engiyishumayelayo, lokho kusuka kuGenesisi kuya eSambulweni, ngendlela nje eLilotshwe ngayo. Futhi ngyiyakuthanda lokho. Hhayi ukugzekisa, nje hlala ngqo neZwi, futhi ngyiyakuthanda lokho.

³² Kodwa manje-ke ngicabangile, nendoda enjengaleyo, kimi ukuba ngingene emva kwepulpiti layo, nokho iseyinsizwa, yini ebengingayisho ebingasiza ibandla layo na? Ngoba, ingakho ingifune ukuba ngenyuke. Ingumalusi wezimvu, futhi iqaphela izimvu zayo. Futhi ibizocabanga mhlawumbe manje, ukuthi ukushintsha ngapha kancane, ingahle ibe yinto ethize ukusiza

abantu bayo. Futhi ikhathalele nina. Ikhathalele inhlalakahle yenu. Imini nobusuku, iyohamba noma nini, nomaphi, isize yenze noma yini engayenza. Awu, leyo yi—leyo yinceku kaNkulunkulu yangempela.

³³ Futhi njengoba ishilo, ithe ingihluphile, noma yangihlupha, noma yangikhathaza, noma okuthize. Ayikwenzi lokho. Lokho kungenza ngiyithande kakhulu kangako, uma ilokhu icela, ngoba, lokho, ngiyakuthanda lokho, ngoba inokwethemba. Kukhombisa ukuthi ibingeke ingenyusele phambi kwezimvu zayo uma bengicabange ukuthi bengizozilimaza. Qha. Akukhomedusi wezimvu obengenza lokho. Ngoba, ubengacabanga ukuthi bengizokwenza lokho okufaneleyo. Futhi yi... i...Kuyinhlanhla enkuIu engikhokhela yona uma ingicela ukuba ngize. Futhi ngiyazithanda izimpokophelo zayo—zayo, okungukuthi “Bambelela kuze kwenzeke.” Leyo yi—yindoda yokukholwa, futhi ngiyakuthanda lokho.

³⁴ Ngakho-ke ngicabangile, “Yini engingakhulumu ngayo kulelibandla na?” Ngacabanga, “Awu, mhlawumbe baqequeshwé kahle kuyo yonke into, akungabazeki.” Kodwa kukhona ingcindezi phezu kwabantu namhlanje. Naleyongcindezi ayinamkhawulo, kumbe nanoma yimiphi imigqa yehlelo. Ayinamugqa womnyaka wobudala. Ayikhethi muntu. Iphezu komusha nomdala, olungileyo nomubi. Iphezu kwawo wonke umuntu: ingcindezi.

³⁵ Siphila onyakeni wokuguliswa yimizwa, ukuphakama kwemizwa. Wonke umuntu uncintisana *lapha*, futhi eya *lapho*, futhi engayi ndawo. Ikulolohlobo nje lomnyaka. Futhi ngiyazi lelibandla belingahlushwa yiyo, njengandawo zonke ihlushwa yiyo. Itabernakele lihlushwa yiyo, ndawozonke, umhlaba wonke.

³⁶ Wusuku lwengcindezi. Shesha, shesha; shesha, shesha; sheshisa futhi linda. Ushayele amamayela angamashumi ayisishiyagalolunye ngehora, bese-ke kuba ukufika ekhaya wenzele ukudla kwakusihlwa, futhi ulinde amahora amabili kuze kulunge. Kunjalo. Yi—yisikhathi. Futhi kulokho kujaha nokuhamba ngesivinini, kukufaka ekuphakameni kwemizwa. Inkosikazi isho into ethize ethe ukuphambana kancane, ufunu ukusuka undize: ulaka. Umyeni usho into ethize, uyombambahtha unyawo lwakho futhi umtshеле ukuba angene ekamelweni. Niyabo? “Awu, manje, myeni, angifuni ukukhulumu nawe. Phumela lapho.”

³⁷ “Nkosikazi, o, nginovalo kakhulu.” Niyabo? Ngani na? Yini indaba na? Niyabo?

³⁸ Konke lokhu, kanye kanye, lokhu ukuphakama komoya kwakha, bese-ke imiphumela yakho ingukuthi: wenza into engalungile, futhi uziphathe ngokuphumile endaweni. Kunjalo. Manje, kuyokwenza ompofu aziphathe ngaleyondlela.

Kuyokwenza abezinga elimaphakathi nendawo baziphathe ngaleyondlela. Kuyokwenza ocebile aziphathe ngaleyondlela. Kuyokwenza ongalungile aziphathe ngaleyondlela. Kuyokwenza othe ukulunga aziphathe ngaleyondlela. Futhi kuyokwenza olungileyo aziphathe ngaleyondlela. Ngoba, ngukuphakama komoya, isitimu, kuyakheka. Kumele kuqhunyiswe kuphume ndawondawo. Niyabo? Awukwenzi, uqhumisa ubhayela.

³⁹ Manje, siyakuthola lokho. Kuyakheka lapho usuku luhamba. Ukhulumu nobasi wakho, uma usebenza, “O, s’*bani-bani*!” Futhi uma ukhulumu kumntwanyana, “Ngena lapha!”

“Mama! Ngi . . .” Niyabo?

Nakho lapho okhona. Kuyakwakha. Ooo! He! Niyabo? Uzwa sengathi uzo . . . ikhanda lizophuma. Ngiyazi. Nginakho, nsuku zonke, ngakho ngi—ngiyazi ukuthi kusho ukuthini. Kuyakhela. Ngangi . . .

⁴⁰ Ngicabange ngalokhu, ngobunye ubusuku. Ngangisesibhedlela esithize. Futhi umelusi wethu, ngangicabanga ukuthi wayegula, kodwa wayekhandlekile nje. Egijima, egijima, egijima, egijima, waze nje waphela amandla kakhulu. Nabanye babo bathi, bangibiza enhla, bashaya eofisi ezansi lapho, wacela ukuthi ngangingazishaya yini izingcingo zakhe. Awu, ngangikade nginezenzo zebhizinisi usuku lonke, nabefundisi abavela ezindaweni ezechlukene. Ngathi, “Yebo.” Awu, ngahamba ukuyoshaya izingcingo zakhe.

⁴¹ Futhi ngaya esibhedlela esithize. Futhi banginika igama lowesifazane, ne—nenombolo lapho ayekhona. Ngenyukela kuleligumbi. Ngaya ngale kwinenekazi. Futhi kwakuyi—kwakucishe kube yishumi nanhlanu, imizuzu engamashumi amabili ngaphambi kwesikhathi sokwemukela sezivakashi. Ngakho ngaya ngale ngase ngitshela inenekazi ukuthi ngangingumfundisi futhi ngingathanda ukubona othize, owesifazane othize. Langibuka ebusweni. Futhi lalenza okuthize. Laphenduka, kuqala, lase lithi, “Ufunani na?”

Ngathi, “Ngithanda ukwazi ukuthi likuphi inenekazi elithize-thize kulewadi.”

Lathi, “Angazi.”

Ngathi, “Awu, nginikezwe inombolo, indawo ethize, futhi ngacabanga ukuthi ngizobuza kuqala.”

Lathi, “Awu, uma unenombolo, hamba uyibone.”

“Ngiyabonga.”

Ngehlela lapho ngase ngihlala emnyango wewadi. Ngathi, “Ngabe likhona inenekazi phakathi lapha, eligama linguS’*bani-bani* na?”

“Qhabo.”

Awu, ngabuyela emuva ngase ngibuka ithikithi lami. Yilapho okwasho khona. Ngakho ngibuya emuva, nenekazi lalimi lapho. Ngathi, “Leyo bekuyinombolo engesiyo.”

“Uthe belingubani igama lalo na?” Ngasho. Ngathi, “Alikho kulesisitezi.”

“Ngiyabonga.” Ngathi, “Ngizoya esitezi esiphezulu-ke.”

Ngakho, ngenyukela egumbini elilandelayo. Ngase ngiya ku... Kuqala, kwakukhona udokotela ehlezi ediskini, futhi ehlezi lapho, enwaya ikhanda lakhe. Ngathi, “Sawubona?” Wavele wabuka phezulu, wabuka phansi.

Awu, ngacabanga, “Kungcono ngimshiye kanjalo.”

Ngakho ngaqhubeka ngehla ngomugqa phambidlana, ngase ngithola inenekazi edeskini, unesi. Ngathi, “Ngiyaxolisa.”

Lathi, “Ufunani na?”

Ngase ngithi, “Ngabe likhona inenekazi phezulu lapha legama *elithize-thize* na?”

Lase lithi, “Angazi.” Ngase ngithi... Lathi...

Ngathi, “Bengifanele ukuba ne—nenombolo yegumbi u 321 noma u 221.” Ngase ngithi, “Ngiye kulelogumbi, futhi bekungekho muntu lapho. Nenekazi lathi, ‘Akukho-muntu phansi lapha onalelogama, elinjalo,’ lathi, ‘mhlawumbe belisesitezi esiphezulu.’”

Lase lithi, “Awu, pho awuyingani kwelesibili... 321 pho.”

Ngathi, “Ngiyabonga.”

Ngehlela ku 321, ngi... noma amashumi amabili-... 321. Ngathi, “Ngabe likhona inenekazi phakathi lapha eligama lingus’*bani-bani* na?”

“Qhabo.”

Kunenekazi elilele lapho, lathi, “Belingaphesheya egumbini, ngaphesheya egumbini ngaphezulu kwe—kwelinye, kwelamashumi amathathu nanye.”

Ngathi, “Ngiyabonga, nenekazi.”

Ngawela, ngathi, “Ngabe inenekazi us’*bani-bani* lilapha na?”

“Qhabo. Balikhophile. Lisesitezi esiphansi.”

Ngacabanga, “O, he!”

Ngibuya esitezi esiphansi futhi. Ngi—ngi... Futhi li... Banginika inombolo yegumbi. Ngase ngiya esitezi esiphansi, ngase ngibheka konke... Ngase ngesaba ukuya kulelodeski futhi. Ngakho ngabheka konke phansi-naphezulu, ngizama ukuthola leyonombolo yegumbi. Futhi nga—ngabheka, futhi angilitholanga.

Banamaphiko amancane nezinto zimahlakahlaka kulesisibhedlela. Ngakho nakhu kuza lodokotela eza ehla, ephethe ngesandla umshini wakhe isteriyoskopu ehlukanisa imifanekiso emibili, nojosaka. Futhi angizange ngibone ukuthi indoda yayingamafidi amane ubude namafidi amane ububanzi, kodwa nje yayithi imeshe i... Yayihamba ngapho. Ngathi, "Sawubona kusihlwa, mnumzane. Ungangitshela ukuthi ibikuphi inombolo yegumbi *engukuthi-nokuthi?*"

Yathi, "Phezulu *ngapha* naphandle *ngapho*."

Ngathi, "Ngiyabonga ngokungazisa kwakho." Lelo yiqiniso. Yathi, "Phezulu *ngapha* naphandle *ngapho*."

Ngase ngithi, "Ngiyabonga!" Ngacabanga, "Namanje angikafiki ndawo."

⁴² Ngabheka emuva futhi kwakukhona uhlobo lwenenekazi elibukeka linomusa limi edeskini futhi. Ngaweleta kulo, ngase ngithi, "Sawubona kusihlwa."

Lathi, "Ninjani?"

⁴³ Ngathi, "Nenekazi, sengidideke ngakho konke." Ngase ngilitshela indaba yami. Ngathi, "Kunenenekazi lapha ndawondawo elizohlinzwa ekuseni, futhi liseduze kokufa. Ngingumfundisi, nomelusi wethu enhla lapho akakwazanga ukushaya izingcingo zakhe, futhi banginika lenombolo."

Lathi, "Umzuzwana nje, Mfowethu Branham, ngizothola." Li...

"Awu, ngibonga—bonga iNkosi."

Labeka phansi yonke into lase liwelela lapho, futhi lathola...

"O," lathi, "yebo, Mfowethu Branham, lisegumbini elingus'*bani-bani*, ngakwesokunxele sakho, khona lapho."

⁴⁴ Ngathi, "Ngiyabonga, kakhulu impela." Ngaphenduka ngase ngibuka.

⁴⁵ Ngacabanga, "Yilokho-ke, ukuyekela isitim." Wonke umuntu... Sekuba nje ngu—ngunyaka wokuguliswa yimizwa. Wonke umuntu wonke wakhekile. Abanasikhathi. Nalokho kwakheka kuze kufike endaweni ngangokuthi kwephula izinto. Kubangela abantu ukuba babenemizwa el'khuni, uma ibajuqula, futhi—futhi usho izinto ongaqondile ukuzisho.

⁴⁶ Manje, wonke umuntu unecala lakho. Nginecal. Nonke ninecal. Thina, senza izinto phansi kwengcindezi ebésingeke sazenza ngenye indlela, ngakho kune—kunengcindezi edlulele eyakhekile namhlanje. Ngiyakholwa... Ngaphambi kokuba ngiqhubekele phambili, ngingahle ngisho lokhu. Ngikholwa ukuthi isitha sehla futhi sicindezel. Ngikholwa ukuthi ngudeveli.

⁴⁷ Futhi siyazi ukuFika kweNkosi sekuseduze. NeBhayibheli lathi, ngezinsuku zokugcina, ukuthi, “Udeveli uyohambahamba njengengonyama ebhongayo.” Futhi uma engahle akufake phansi kwengcindezi, ushesha, ujijima phezu kwento ethize, uyokwenza izinqumo obungeke wazenza ukuba ubuhlale phansi futhi wakucabangisia.

⁴⁸ Cishe eminyakeni emithathu eyadlula, ngangisohambweni lokuyozingela, futhi nganginomkhaphi womNdiya. Futhi ngi—ngizingela ngokukhulu ukushesha. Nje ku, lowo nje yimi, niyabo, omunye wabakhi bengcindezi.

⁴⁹ Ngakho nga—ngangizingela nomNdiya, futhi ngehla ehhashini. Futhi kwakhona inyamazane ethize enezimpondo ezingamagatsha phezulu entaben, futhi ngaqala ngizungeza ijika. UmNdiya omdala wayethi akabe neminyaka eyishumi ubudala kunami. Wayethi nje ukuphefuzela, eza emva kwami. Ngathi, “Woza, nduna. Woza!”

Wathi, “Ushesha kakhulu! Ushesha kakhulu!”

Ngacabanga, “O, awu!” Ngathi, “Woza, futhi ugale.”

⁵⁰ Wathi, “Kushesha kakhulu!” Ngehlisa ijubane, igiya elilandelayo. “Ushesha kakhulu!” Ngehla ukuba ngihambe. “Ushesha kakhulu!” O, he!

Ngathi, “Nduna, inyamazane ezimpondo ezingamagatsha iphezulu lapho!”

Wathi, “Yona ihlala lapho. Yazalelwapho.”

Ngathi, “Ngiqagele lokho kunjalo.”

“Ihlala lapho, yazalelwapho.” Wathi, “Umshumayeli uzingela ngokushesha kakhulu, wethusa yonke inyamazane.” Wathi, “Yenza njengomNdiya. Zihambise kanye, uzibuke kasishiyagalolunye.”

⁵¹ Awu, angazi ukuthi hlobo luni lwegiya engangifanele ngingene kulo, ukwehlela lapho na? Lapho, ngangisekugijimeni, phezulu entaben. Wathi, “Zihambise kanye, bese uzibuka kasishiyagalolunye. Aqalaze macala onke, phezu kwayo yonke into, kasishiyagalolunye, ngaphambi kokuba enze esinye isinyathelo.” O, he! Kodwa, niyabo, akajahile. Ngacabanga ngalokho.

⁵² Nomama wami omdala oligugu, oseNkazimulweni kulobibusuku; omunye uthe, “Awuyifaki ngani imbalu emhlophe namhlanje, echaza ukuthi umama wakho ushonile na?”

⁵³ Ngathi, “Umama wami akafile. Umama wami uyaphila.”

Bese kuthi-ke ngifake ebomvu, bese-ke abantu bethi, “Bengicabanga ukuthi umama wakho sewafa.”

Ngakho ukubalekela ukubadida, nokwakha esiningi isitimu, ngavele ngakushiya konke. Niyabo? Akafile. Ulele. UnoKristu.

⁵⁴ Bese kuthi-ke unyaka wokuguliswa yimizwa kwemizwa esiphila kuwo! Futhi niyazi, kukho konke okwalokhu, odokotela abanampendulo, ngoba bahlushwa yikho, nabo. Abanampendulo. Abazi ukuthi bazokwenzenjani.

Wena uthi, “O, dokotela, engi-ngi-ngizothi nje angiqhumise ikhanda lami. Angazi ukuthi ngizokwenzenjani. Ngi...”

“Awu,” uyothi, “nami nginjalo. Awu, ayikho into ongayenza.” Ubengakunika umuthi wokuqeda itwetwe. Uma lowo uphelelwa amandla, uguliswa kakhlulu yimizwa kunoma ubunjalo ekuqaleni; njengendoda edakiwe, ithatha uphuzo olweqile, ukuba iqede ukudakwa kwayo. Niyabo? Ngakho u—ungeke wakwenza. Akukho-mpendulo. Abanayo.

⁵⁵ Kodwa, uNkulunkulu unempendulo. Yilokho esifuna ukukuthatha, sikhulume ngakho, ukuba nempendulo. UNkulunkulu unempendulo. Uyimpendulo. UKristu uyimpendulo kuyoyonke inkinga esinayo. Manje, sizoxoxa ngaYe manje.

⁵⁶ Manje, eTestamenteni eLidala, kwakukhona isikhathi okwakuthi indoda yakhe ingcindezi emuva le, nalokho kwakungenkathi yayenze okuthize okungalungile. Uma yachitha igazi elingenacala, awu, khona-ke yayisekubalekeni. Ngoba, kwakuthi nje leyondoda eyibulalile, noma okungalungile eyakwenza; leyondoda eyenza okungalungile kuyo, abanye babantu bakubo babeyizingela baze bayithole, futhi lapho iyoyibulala. “Kwakuyizinyo ngezinyo, neso ngeso.” Futhi, niyabo, indoda yayingenandawo yokuma.

Uma yenze okuthize ngengozi, futhi, kusobala, abantu babengakukholwa, awu, yayifanele ibaleke. Ngoba kwakuthi nje inga—ingakwenza lokhu, khona-ke i—izihlobo zaledoda, noma owesifazane, noma ngabe kwakungubani, babeqala ukuyizingela. Futhi uma beyithola, “Kwakuyizinyo ngezinyo, neso ngeso.” Yileyondlela ababephila ngayo.

⁵⁷ Futhi ngakho yayingenakuma ndawo. Yayingumhambuma. Yayingazi ukuthi yenzenjani, futhi yayisekubalekeni.

Isifanekiso impela sanamhlanje. Ngicabanga ukuthi yilokho okubangela ingcindezi enku kangaka. Sisekubalekeni. Yileyo indaba ngezwe, bazi ukuthi basephutheni. Bazi ukuthi ukuFika kweNkosi sekusondele, nengcindezi iyakheka. Futhi basekubalekeni; indlu yokudlela engasemgwaqeni, umphandu wokugembula, ukuphila ngokutamasa, isono, ukudleka kwesimilo, noma yini, ukukuveza obala. Balalela amatelvishini, amahlaya angcolile, noma yini, iveza obala. Basekubalekeni. Ikhona into elungela ukwenzeka. Bayayazi, futhi baziphuzela ukufa, ngezinjabulo nayo yonke enye into, ekubalekeni.

⁵⁸ Bayazi ukuthi kukhona into ethize elungela ukwenzeka. Izwe likhuluma ngayo. Siyazi ukuthi into ethize ilungela ukwenzeka. Lelizwe lingaqhunyiswa ngaphambi kokuba kuse. Zonke izizwe ziphansi kokuphakanyelwa umoya. Ngani na?

⁵⁹ Ngesinye isikhathi ngangise-Afrika, futhi ngangibhekisisa ukuphakelwa kwemu. Kwakuyiwundlu, o, imvu esikhule yaphakathi nendawo. Nomfo omncane wayedla ngokukhulu ukuthula, futhi khona manjalo yayaluyaluza. Futhi yayithi nqampu; iqalaze. Ithi nqampu. Ngenkathi, yayinokuthula. Ngangiyibhekisisa. Yayibukeka nje izithulele nje. Ngacabanga, "Akusikho yini ukuthula lokho phandle lapho na? Awubheke lowamfo omncane." Umelusi wezimvu owayekade eziqaphele wayeye esibayeni, emuva; owomdabu, ikhaladi.

⁶⁰ Futhi ngambhekisisa lomfo omncane. Futhi emva kwesikhashana waba novalo. Ngacabanga, "Yini indaba ngalowomfo omncane na?" Ngangimbhekisisa, kusobala, ngezibonisa kude. Futhi waba novalo kakhulu. Wayebuka *ngapha nangapho*. Waqala ukukhala. Wayengazi ukuthi uzokwenzenjani. Ngacabanga, "Yini eyenze umfo omncane axhuxhume kangaka, khona manjalo na?"

⁶¹ Manje, wayesensimini eyidlelo elincane. Kodwa le ngaphezulu emuva lapho, ngaqaphela into ethize isukuma ibuye ilale phansi futhi, cishe uhhafu wemayela ukusuka kuyo. Icashe kahle okhuleni, ingonyama inyonyoba yenyuka. Nalowomfo omncane, into ethize kuye yayakheka yafika endaweni ukuthi wazi ukuthi kwakukhona ingozi ndawondawo. Wayengayiboni. Kodwa ingonyama yayiyizwile ngephunga imu, futhi yadingeka isheshe manje ukuba iyithole, ngaphambi kokuba umelusi wezimvu ayithole, ayikhiphe endleleni.

⁶² Ngakho manje-ke, ngiyibhekisisa, kwase kwakheke ukuphakama komoya. Futhi ebangeni lengonyama yayinyonyoba yenyuka, kalula impela. Nokho, i-imvu yayingayiboni ingonyama, kodwa nje kunento ethize ngaphakathi kuyo eyayitshela ukuthi ingozi yase isondele.

⁶³ Kungaleyondlela nanamhlanje, ukuthi kunento ethize ngaphakathi kubantu, ebazisayo ukuthi into ethize ilungela ukwenzeka. Siyayazi. UmKristu uyayazi. Izwe liyayazi. Isidakwa siyayazi. Umgembuli uyayazi. Usomabhizinisi, ohulumeni, inhlangano yezizwe iU.N., bonke bayazi ukuthi ikhona into elungela ukwenzeka. Yakhe ukuphakama komoya.

⁶⁴ Abesifazane, omama, usikilidi owodwa nje emva komunye! Ngiyababhekisisa beza esikoleni. Bashayela bedlule endledlaneni yethu lapho. Ngidingeka ngibhekisise abantwanyana bami nenja yami. Endaweni yejubane lamamayela angamashumi amabili; amamayela angamashumi ayisikhombisa ngehora, abesifazane beyisa abantwana babo esikoleni. Usikilidi esandleni sabo, silenga ngaphandle

emnyango owodwa, beqophisana nabantwanyana babo, nase zansi lapho futhibekhalisa amabhuleki, ngaleyonkathi, noma amasondo, futhi bebeka amathayi emgwaqeni. Futhi nampa bebuya futhi. Ngibona umoya uphephula abantwanyana abancane abane noma abahlanu beyothi ngqu besuka emgwaqeni, ngoluny'usuku, bomunye umama oguliswa yimizwa. Uyaphi na? Yini indaba na? Kukhona uhlelo oluthize lwethelevishini, mhlawumbe luyavela, ayefuna ukulubona.

⁶⁵ Kodwa, yilokho-ke, ukuphakama komoya. Kunento ethize ekubangelayo. Babevamise ukuba, bangakwenzi lokho. Ikhona into esondelayo. Ukufa nembhubbiso kusendeleni yakho lapha. Akuqhelile kude kakhulu. Into ethize iyasondela.

⁶⁶ Manje, eTestamenteni eLidala, uNkulunkulu ebona, kwenye yalenkathazo, yenziwa ngengozi. Ngakho, uma umsulwa, futhi ungenacala, uNkulunkulu ukwenzela indlela.

⁶⁷ Manje, uma indoda ibulale indoda, ngamabomu nje, kuhlelwe ngaphambili, yayilahlwa. Yayingenakuza kulendawo. Kodwa uma ikwenze ngengozi, yayingaqondile ukukwenza, khona-ke kwakukhona umuzi wokuphephela. Omunye wawuseRamoti-Gileyadi. Nezindawo ezine, ngiyacabanga, uJoshuwa wabeka lemizi yokuphephela.

⁶⁸ Manje, manje, abantu babengeza kulomuzi wokuphephela uma ngengozi enze into ethize. Wayengaqondile ukuyenza. Wayeza emzini wokuphephela, futhi aye esangweni. Umgcini-sango wayembuza ukuthi kungani eza, wawuyini umbono wakhe wokuza. Khona-ke icala lakhe lalithethwa. Futhi uma icala lakhe lalithethwa esangweni, futhi indoda itholakale imsulwa, ayikwenzanga ngamabobu, khona-ke indoda yayisiwa emzini, njengendawo yokuphephela. Khona-ke isitha sasingeke siyithole.

Futhi uma iqambe amanga futhi yenza okuyiphutha, futhi iza emzini wokuphephela, nakuba yayibambelele ezimpondweni ze-altare, isitha sayo sasinethuba futhi sasinelungelo ukuyihudula isuka kulelo altare futhi siyibulale, yebo, mnumzane, ngoba yayinecal, kuhlelwe ngaphambili, futhi yayifanele ijeziswe.

⁶⁹ Manje, kwakukhona into ethize eyayihambisana nalokho. Kusobala, leyondoda yayinokwesaba, he, mhlawumbe, amadoda ayidazini emva kwakho. Ndawondawo, lonke idwala, lonke igquma, lonke ihlathi, isitha, umuntu mumbe wayemile eliyilindele. Yayinokwesaba. Bese kuthi-ke uma ike yangena emzini, yayingayeka ingcindezi. Yayilondekile. Yayikahle, ngoba kwakukhona indawo ehlizzekiwe eyenzelwe yona. Indlela kaNkulunkulu ehlizzekelwe yaleyondoda emsulwa, hhayi ukuba ibulawe, kodwa yayingakhululwa ekubulaweni, ngoba yayikwenze ngengozi, manje, uma yayingaqondile ukukwenza.

⁷⁰ Manje, uma yayiqondile ukukwenza, awu, ya—yayifanele izimele izimo. Kodwa akukho thuba layo uma ikwenze ngamabomu.

⁷¹ Futhi kunezigaba ezimbili zabantu namhlanje. Mangikusho lokhu. Kunabesilisa nabesifazane ezweni namhlanje, Mfowethu Ruddell, abangafuni ngempela ukwenza lezizinto abazenzayo. Kunabesilisa nabesifazane ezweni namhlanje, abangafuni ukona. Ngiyabadabukela. Abafuni ukwenza noma yini eyiphutha, kodwa bayayenza. Baqhutshelwa kuyo. Manje, kunendawo yallowomuntu ofuna ukwenza okulungile. Kunendawo ukuyekela leyongcindezi. Kuyiqiniso. Kodwa kukhona abathize ongakhathaleli.

⁷² Ngolunye usuku, umfowethu, uHickerson, wangitholela imvumo yokwedlula evela kumphathi wejele lenhlangano yamazwe e...eLa Grange, eKentucky, ukuba ngingene, ngiyodoba. Futhi ngahlangana nomfana wekhaladi emva lapho waseLouisville. Futhi wangitshela...Ngathi, “Ebukeka kahle, indoda enobuhlakani njengawe, wenzani phakathi lapha na?”

⁷³ Wathi, “Awu,” wathi, “mfundisi, ohloniphekile nakhu okwakuyikho.” Wathi, “Akuphutha lamuntu kodwa elami.” Wathi, “Nga—nga—ngake ngaba ngoweNkosi.” Igama lakhe wayenguBishop. Wathi, “Bangibiza ngo ‘Mbhisobhi oNgcwele’ ngenxa yokuthi ngikhonza iNkosi.” Wathi, “Mina nomkami, sa—sasinentombazane encane.” Futhi wathi, “Ngesinye isikhathi angikwazanga nje ukukumela, ngakho ngavele ngahamba nezwe nje, ngaqhela eNkosini.” Wathi, “Nganginobaba ongumKristu nomama.” Wayesethi, “Ngakhonza iminyaka emine phesheya kwezilwandle, eKorea,” zingaki izimpi ayekuzo, ukucaphuna amazwi nezinto. Wathi, “Kodwa phandle lapho into esiyenzile ngukuya emidansweni nje nokunyenokunye. Ngathola ukuxubana nesixuku esingafanele.

⁷⁴ “Futhi ngolunye usuku, abafana ababili bayedlula base bethi, ‘Bishop, sifuna ukwenyukela eQuaker Maid, siyothola igrosa. Ungasigijimisela enhla lapho na?’”

Wathi, “Umkami wayesanda kungibizela edineni nje. Ngase ngithi...Ngathi, wangibizela phakathi lapho, wathi, ‘S’tandwa, ungarhambi nabo. Akukho okuhle kulabobafo. Sifanele siyeke kubo, sibuyelesontweni futhi.’”

Wayesethi, “Awu,” wathi, “Ngathi ‘Ngiyazonda ngabo... Abafana ufuna igrosa.’ Ngathi, ‘Ngiyakuzonda ukungabathathi.’ Ya, wathi, ‘Ngizobanika imoto yami.’”

“Wathi, ‘Ungakwenzi. Bazoyihlakaza ibe yizicucu.’ Futhi wathi, ‘Bagijimisela enhla lapho, bese-ke uyabuya ke.’”

⁷⁵ Wathi, “Ngabagijimisela enhla lapho, ngase ngima endaweni yokupaka.” Wathi, “Ngangihlezi lapho, ngilindile. Futhi khona manjalo, ama alamu akhala, nayo yonke into. Futhi nakhu kuza lababafana, ngamunye benamavolovolo esandleni sabo. Ngase

ngivala umnyango. Ngathi, ‘‘Aningeni lapha.’’ Futhi omunye wabo wamqwaqwada ekhanda, futhi wamdlikiza embhekisa phezulu, waphosa lesisibhamu. Wathi, ‘‘Awungithathi.’’

Waphosa isibhamu phakathi, wathi, ‘‘Uma ungayifuni imbobo edabula kuwe! Futhi sizokuphosa phandle lapha, sibaleke.’’

⁷⁶ Wathi, ‘‘Ngeke niyendawo. Nizobanjwa. Nina bafana batsheleni ukuthi ngangingenzanga lutho. Bengi—ngingakuqondile lokhu. Bengi—nghilezi lapha. Ngiyingxenye emsulwa.’’ Futhi cishe ngalesosikhathi amaphoyisa ayesebabamble.

⁷⁷ Balithetha icala. Wathi, ‘‘Kuqala ngacabanga ngobubi bomshushisi, ngoba wathi . . .’’ Nansi imibuzo ayisho. ‘‘Yimoto yakho le na?’’

Wathi, ‘‘Yebo, mnumzane. Kodwa ngi . . .’’

⁷⁸ Wathi, ‘‘Phendula imibuzo yami.’’ O, mfowethu, udeveli unendlela yokukwenza. Wathi, ‘‘Phendula imibuzo yami.’’ Wathi, ‘‘Imoto yakho le na?’’

Wathi, ‘‘Yebo, mnumzane.’’

‘‘Ngabe leyo yinombolo yelayisense yakho na?’’

‘‘Yebo, mnumzane.’’

Wathi, ‘‘Bekunguwe obusenhlala lapho kuleyondawo yokupaka na?’’

Wathi, ‘‘Awu, ngiyakutshela . . .’’

Wathi, ‘‘Phendula imibuzo yami.’’

Wathi, ‘‘Yebo, mnumzane.’’

⁷⁹ Wathi, ‘‘Nakho lapho okhona.’’ Futhi ebufakazini obubonakalayo obuqondene ngqo necala, bamgweba iminyaka eyishumi, bagweba abanye abafana udilikajele.

⁸⁰ Manje, wathi, ‘‘Uyabo, mfowethu, ngangena nje esixukwini esingafanele. Akukho-muntu ukuba ngimsole kodwa mina.’’ Futhi kunjalo. Manje, uneminyaka eyishumi, ukuba ayekeli ingcindezi ingene. Ngamkhulekela. UMfowethu Wood lapho, nami, sasihlezi ngaphandle emanzini. Futhi ngabamba umfana ngesandla, futhi ngamkhulekela, ngaphandle emanzini, ukuba uNkulunkulu amnike ushwele. Futhi ngisamkhulekela, ukuthi uNkulunkulu uzokwenza.

⁸¹ Kuyini na? Ingcindezi, emsulwa, indoda emsulwa. Manje, leyondoda yayifanele ibe nethuba.

⁸² Manje, uma ufunu ukwenza okulungileyo, ngijabula kakhulu, kulobibusuku, ukukutshela ukuthi kuhkona umuzi wokuphephela. Lowo nguJesu Kristu. Uma ungafuli ukwenza okungalungile, isitha sisemva kwakho, khona-ke kunendlala yokuphunyuka, nalokho kuphunyuka kunguJesu Kristu.

Kunendawo lapho ongeza khona futhi uyekele isitimu. Kodwa uma uthanda ukona, futhi ungamfuni uNkulunkulu, khonake isitha sizokufica ndawondawo. Awuna... Ungeke weza kuKristu, ngoba awufuni.

⁸³ Futhi uma lendoda iza kuKristu, lendawo yokuphephela... Uma indoda ingena, eTestamenteni eLidala; into yokuqala, yayifanele ize phezu kwentando yayo uqobo ekhululekile. Futhi yileyondlela ofanele uze ngayo kuKristu.

⁸⁴ Enye into, ufanele weneliseke ngenkathi ulapho. Awu... Ungeke wazulazula nsuku zonke, ukhala, "Ngithanda ukuphuma lapha. Ngithanda ukuphuma lapha." Bebeyokukhipha. Ufanele ngokuzithandela ufune ukuhlala. Kufanele kube ngukuthi ufanele ufune ukuhlala kulowomuzi.

⁸⁵ Futhi uma uza kuKristu, ungeke wabuka emuva ezenwi. IBhayibheli lathi, "Lowo obeka isandla sakhe egejeni, futhi aphenduke ukuba abuke emuva, akakufanele ukulima." Manje yilapho abantu abanangi kakhulu ababizwa ngamaKristu benza khona iphutha labo. Niyabo, benza sengathi bazolima, kodwa into encane yokuqala iyafika, bayaqhuma, ngayo.

⁸⁶ Ngoluny'usuku ngaba nesehlakalo salokho, njengoba nonke nazi. Futhi ngiyanibonga ngemikhuleko yenu. Njengoba ngizingela, futhi ngidoba, futhi ngidubula izinkololo, nezinto, bengahlala njalo ngifuna isibhamu esikhulu esinezinhlamvu ezinkulu iWeatherby. Awu, abanye babangani bami babengangithengela sona. Ngiyabazi abantu, ukuba nje ngangikuphathile, babeyokwenza ngokujabula. Ngokukhuluma ngokusobala, ababili noma abathathu babefuna ukukwenza. Kodwa ngangingababoni befaka imali enkulu kangako esibhanyini esikhulu, ngibe ngazi ukuthi izithunywa zenkolo azinazichathulo ezinyaweni zazo. Ngangingenakukwenza lokho. Futhi uMfowethu Wilson upha uBilly Paul i-.257 Roberts encane. Nomfowethu, umngani wami wathi, "Mfowethu Branham, iWeatherby ingasibhola lesosibhamu, ngingasenza ngentengo ephansi, uma uzongivumela ngikwenzele." Awu, ngamvumela akwenze.

⁸⁷ Ngiyabuya, ngafaka igobolondo esibhanyini, ngase ngiyodubula ngaso, nento yaqhuma ezandleni zami. Nombhobho wesibhamu wahamba cishe impela emgqeni ongamayadi angamashumi amahlanu, ibhawodi lisemuva le emva kwami. Futhi kuyisimanga ukuthi alizange nje lingisike uhhafu kabilo. Kwakukhona cishe amathani amahlanu noma ayisithupha okucindezela asondele kimi.

⁸⁸ Awu, odokotela bathi, "Into kuphela engiyaziyo, ukuthi iNkosi elungileyo ibihlezi lapho ukuvikela inceku yaYo."

⁸⁹ Manje, into engicabanga ngayo, lapha yilapho evela khona. Ukuba leyo kwakukade kuyinhlamvu enkulu yeWeatherby Magnum, okokuqala nje! Kwakuyini indaba na?

Kwakukhona iphutha esibhanyini esikhulu. Indawo yekhanda yayibholwe yaxega kakhulu. Yileyo indaba ngenqwaba yethu ekuphendukeni kwethu, indawo yekhanda lethu ibholwe yaxega.

⁹⁰ Futhi—futhi, manje, ukuba leyo kwakukade kuyi Weatherby, kusukela ekuqaleni impela, kusukela kuyo impela insimbi eyathelwayo, ukwenza umbhobho wesibhamu, yayiyobholeka futhi yenze inhlamvu enkulu ye Weatherby Magnum, ngabe ayiqhumanga. Kodwa ngoba yazanywa ukuguqulwa ibe yinto ngempela eyayingesiyo, khona-ke yaqhuma.

Futhi kanjalo wonke umuntu uyothola into efanayo, ozisho ukuthi ungum Kristu, ongakutholi ukuqala kahle ekuZalweni okusha, uyoqhuma ndawondawo. Kunokukhulu kakhulu ukucindezela kukho. Angeke kukumele. Uyozithola eseqhunyisiwe ndawondawo.

⁹¹ Abantu bezama ukuzifanisa nenkolo yomunye umuntu, ongabizelwanga kuyo, ekugcineni izoqhuma. Ufanele umiselwe nguNkulunkulu.

Kufanele kube nguNkulunkulu, hhayi ukuxhawulana okuthize, indaba ethize evusa isihawu, kodwa kuza phezu kwezisekelo zeGazi likaKristu elichithiweyo, nokukholwa kwakho kulokho uNkulunkulu akwenzela khona ngoJesu Kristu. Uma kungenjalo, uzoqhuma ndawondawo. Umuntu othize uzokunyathela ezinzwaneni zakho, futhi usuke uhambe. Niyabo? Niyabo, yingcindezi yakheka, ngaso sonke isikhathi, futhi masinya izoqhuma.

⁹² Indoda ifanele ifune uhlala ekuphepheni. Ingeke yangena lapho ikhononda. Ifanele ifune ukuhlala, kungekho zinkonondo ngakho. Ngaphandle, iyafa. Ngaphakathi, iphephile.

⁹³ Awu, ngifuna ukusho into ethize, abantu lapha, uma ungesuye umKristu. Ngifika kulomuzi wokuPhephela, cishe eminyakeni engamashumi amathathu-nanye edlule. Futhi, mfowethu, angikaze ngifune ukuphuma. O, ngingena kuKristu. Yonke into engangiyilangazelele yayiphakathi *Lapha*. Angifuni ukuphuma. Ngikhuleka nsuku zonke, “O Nkulunkulu, ngijabule kakhulu lapha. Mangihlale nje.” Angifuni neze ukusuka, futhi ngiyazi Akasoze angishiya. Ngiyazi Akasoze anishiya. Nengcindezi iya ngokuba nkulu, uma ikwenza, khona-ke Uyintuba yethu, ngakho asidingi ukuba—ukuba sikhathazeke ngakho.

⁹⁴ Uma nonke nicindezelekile, futhi ningazi ukuthi niyaphi, kuzokwenzekani kini emva kokufa kwakho; futhi niyazi ukuthi nizofa ngesinye isikhathi, nizofanele nibe nakho ukukwenza; khona-ke into ukuza kuyo, ngukuza kuKristu, isiPhephelo, futhi niyekele ingcindezi. Niyixazulule, kanye phaqa.

⁹⁵ Akunandaba ukuthi kwenzekani, uKristu uyisiPhephelo sethu. Futhi uma siza kuYe, singayekela ingcindezi. Ningayeka

ukukhathazeka ngokuthi, "Awu, uma ngifa, kuzokwenzekani kimi na? Kuzokwenzekani kunkosikazi na? Kuzokwenzekani kumyeni na? Kuzokwenzekani kubantwana na?" Wozani kuKristu nje, futhi niyekele ingcindezi. Konke, Usipha izinto zonke. Zonke izinto zingezethu, ngoKristu, ngakho yekelani ingcindezi, indlela kuphela eningakwenza ngayo.

⁹⁶ Omunye umuntu angahle akunike izigidi zamadola. Bekungakha ingcindezi.

Ungahle ujoyine ibandla, futhi bekusayolokhu kwakha ingcindezi. Isizathu, amaMethodisti ayokutshela ukuthi aqinisile, "NeBaptisti inephutha." NeBaptisti ithi, "Banephutha, futhi thina siqinisile." Ngakho kwakha eningi futhi ingcindezi, ngoba anazi lapho enimi khona.

⁹⁷ Kodwa uma nike naze neza kuKristu, ningayekela ingcindezi, ngoba indawo zonke-ke, nje nikuxazulule phansi. Yindawo ehlinezekwe nguNkulunkulu yokuphepha, lapho khona uNkulunkulu athi, "IGama leNkosi lingumbhoshongo onamandla, abalungileyo babalekela kuLo futhi balondekile."

Ngesikhathi sokugula, uma ukugula kugadla, nodokotela uthi, "Akukho okunye engingakwenza ngakho," ningayakhi ingcindezi.

Yekelani ingcindezi. Bizani umelusi wenu. Makanigcobe ngamafutha futhi akhuleke phezu kwenu. "Umkhuleko wokukholwa uyakumsindisa ogulayo." Yekelani ingcindezi. Niyabo?

⁹⁸ UyisiPhephelo sethu. Ngenkathi nisekulesisiPhephelo, nine—ninelungelo kunoma yini esesiPhephelweni. NoKristu uyisiPhephelo sethu, nayo yonke into eniyidingayo ikuYe. Amen.

Ekuguleni, ningayakhi ingcindezi. Iyekeleni ingcindezi.

⁹⁹ Wena uthi, "Awu, ngi—ngiyamangala, Mfowethu Branham." Awumangali; yekela ingcindezi nje. Nikela udaba lwakho kuNkulunkulu, bese uqhubeka kube sengathi konke sekwedlule. Ungayakhi ingcindezi. Uyekela ingcindezi.

¹⁰⁰ "Awu," wena uthi, "Ngikhathazeke kakhulu, Mfowethu Branham. Angazi nje."

Yekela ingcindezi. Amen. Emzini wesiPhephelo, Wathatha inkathazo yakho, ukuze u—ungadingeki ukuba ube nayo. "Phosani izinkathazo zenu phezu kwaKhe, ngokuba Uyanikhathalela." Ningakhathazeki ngezinkathazo zenu. Lokho ngumsebenzi waKhe.

¹⁰¹ Ngabonana nowesifazane, lapha eminyakeni eyedlule esitolo esidayisa izinto zosheleni. Wayethi akabe neminyaka engamashumi ayisithupha ubudala, wayebukeka ethi akabe nemimnyaka engamashumi amathathu ubudala. Ngathi, "Ukwenza kanjani, dadewethu na?"

¹⁰² Wathi, “Mfowethu Branham, nginamadodana amabili ingodokotela, endala kunawe.” Futhi qiniso bakithi, wa-wayengabukeki engaphezu kwamashumi amathathu eminyaka ubudala. Wathi, “Nakhu okwaba yikho. Ngenkathi ngifika kuKristu, ngenkathi ngangineminyaka cishe eyishumi nambili ubudala, ngahlala phansi futhi ngacabanga ngakho. Ngatadisha ezinye izinkolo. Kodwa ngenkathi ngithola eyeqiniso,” wathi, “Ngiza kuKristu, futhi ngayisa udaba Iwami, umphefumulo wami, konke okwami, kuYe.” Wayesethi, “Angizange ngibe nokukhathazeka kusukela lapho.” Wathi, “Manje, Wathembisa ukunakekela zonke izinkathazo zami,” wayesethi, “uma Engemkhulu ngokwenele ukuba akwenze, ngiyazi angimkhulu ngokwenele ukuba ngikwenze, ngakho kungisiza ngani ukukhathazeka ngakho na?” Niyabo? Yilokho-ke.

¹⁰³ UKristu wethembisa ukuthi Uyothatha zonke izinkathazo zenu. “Phosani izinkathazo zenu phezu kwaKhe.” Ngakho nikukhathazeke ngani na? Ukukhathazeka kwakha ingcindezi. Ingcindezi iyaqhuma. Ngakho nje phosani izinkathazo zenu phezu kwaKhe, bese niyekе ukukhathazeka. Kulungile.

¹⁰⁴ Manje, “Awu,” wena uthi, “ngikwenza kanjani na?” Themba isithembiso saKhe nje. Wenza isithembiso ukuthi Uyokwenza, ngisho nasesikhathini sokufa, lapho ingelosi yokufa ingena egumbini. “O, Mfowethu Branham, ngiyazi ngiyoba novalo.” O, qhabo. UsekuPhepheni. Qhabo, qhabo. Uyazi uzokufa; uzofanele uhambe ngenye indlela, ngakho ngena esiPhephelweni nje, uzizwe upheophile. Kunjalo. Upheophile inqobo nje uma usesiPhephelweni. Khumbula, Wafela wena. Uyakukhathalela. Wafela wena.

¹⁰⁵ Manje ake sibuke. Wena uthi, “Mfowethu Branham, uqonde ukuthi, uma ingelosi yokufa ingqongqotha emnyango, usazolokhu ungfakwa isitimu na?” Qhabo, nakancu. “Awu, ukwenza kanjani lokho na?” Woza esiPhephelweni. Yilokho kuphela. “Awu,” wena uthi, “Mfowethu Branham . . .”

¹⁰⁶ Awu, manje awume umzuzu. Asithathe uIsrayeli, ezansi eGibhithe. Nakho kufika isikhathi lapho khona uNkulunkulu athi, “Ngizothumela ingelosi yokufa ezwensi lonke, futhi Ngizothatha onke amalunga amadala omndeni, ngaphandle uma kukhona igazi emnyango,” lobobusuku obukhulu bephasika.

¹⁰⁷ Manje, nangu uIsrayeli, abantu abathenjisiwe beya ezwensi elithenjisiwe. Futhi ba...Ngubusuku bephasika. Ingelosi yokufa isezwensi. Futhi sizwa ukudazuluka kuvela ezansi nomgwaqo. Sibuka phandle. Amabili amakhulu, amaphiko amnyama ayabhakuza ezansi nomgwaqo. Nicabanga ukuthi uIsrayeli wayexhuxhuma wonke na? Qhabo, mnumzane.

¹⁰⁸ Ukufa kwakusemnyango. Umfana omncane wabuka phandle efasiteleni. Ungomdala kunabo bonke emndenini. Ubona

leyongelosi emnyama enkulu. Uyabuka futhi wathi, “Babayi, uyangithanda na?”

“Impela, ndodana, ngiyakuthanda.”

“Awu, Babayi, angisilo yini izibulo lakho na?”

“Yebo, uyilo, ndodana.”

“Awubheke *laphaya*, babayi. Leyongelosi imtholile lowomfana omncane. Bengimazi. Ngidlale naye. O, babayi, nansi iza, ngasendlini.”

“Kodwa, ndodana, uyabona phezu kwaleyonsika yomnyango na?” Haleluya!

“Babayi, izongithola yini na?”

“Qhabo, mnumzane, ndodana. Angeke ikuthole.”

“Ngani na?”

¹⁰⁹ “Leso yisithembiso saKhe. ‘Uma Ngibona iGazi, Ngodlula kini.’ Buyela emuva uthathe amathoyizi akho, futhi uqale ukudlala, ndodana. Asikho isidingo sokukhathazeka. Sisekuphepheni kukaNkulunkulu. Yekela isitimu.”

¹¹⁰ UIsrayeli wayengahlala aqhiyame futhi afunde iBhayibheli; ngenkathi bonke abanye wayedazuluka futhi akha isitimu, uISrayeli wayephumule. Ngani na? Ukufa kusemnyango ngqo, kwenza mehluko muni na? Kungeke kwabalimaza.

¹¹¹ Ngakho nxo ukufa kufika emnyango wethu, udumo kuNkulunkulu, inqobo nje uma isidingakalo sikaNkulunkulu, iGazi, libekwe phezu kwekhothamo lensika yenhliziyi yami, kwenza mehluko muni na? Kungeke kwangikhathaza.

¹¹² Udukotela uthi uzofa kusasa, kwenza mehluko muni na? IGazi lisensikeni. Uzofanele ufe, noma kanjani. Kodwa uma leloGazi libheciwe, nginokuvuka okuzayo. Amen.

¹¹³ UIsrayeli wayengaba nokuthula, kungekho kwakha isitimu kubo, ngoba babazi ukuthi ingelosi yokufa yayingeke ibashaye. Babephansi kwegazi. Kwakuyindlela ehlinzekwe nguNkulunkulu.

¹¹⁴ Manje qaphelani. Uthi, “Ngingaqinisekiswa ngalokho na?” Manje, maKristu, nakho lapho esikhona. “Ngingaqinisekiswa ngalokho na?” Ngakhulumwa ngakho, ebusuku bangeSonto eledlule.

¹¹⁵ Manje, uISrayeli wayengothenjiswi, abantu besivumelwano, abantu bakaNkulunkulu. Babekade bethenjiswe izwe elalichichima ubisi noju. Ngakho ba—babengakaze balibone lelozwe. Akukho namunye wabo owake waba lapho. Kodwa babenesithembiso salo. Niyabo? Abakaze babelaphaya. Babengazi lutho ngezwe, kodwa bethenjiswa lelozwe. Futhi baphuma ebugqilini babo, ngesandla sikaNkulunkulu ngomprofethi waKhe, futhi wayegogobele, bezisho ukuthi babeyizihambi nabafokazi, futhi wayeya ezweni ababengakaze

balibone, noma akukho-namunye owabo owayeke walibona. Kucabangeni.

Ngakho basondela emngceleni. Kwakukhona iqhawe elikhulu phakathi kwabo, eligama linguJoshua. UJoshua uthatha...kusho ukuthi "Jehova Msindisi." NoJoshua wawela iJordan, wayongena ezweni elithenjisiwe, futhi ubuya nobufakazi obubonakalayo ukuthi laliyizwe elihle. Baletha isixheke samagrebhisi; sasithathe amadoda amabili ukusithwala. Laliyilokho impela nje uNkulunkulu athi laliyikho. Lalichichima ubisi noju. Lokho kwakufanele kubenze bonke bajabule. Ngani na? UJoshua wabuya nobufakazi obubonakalayo bezwe ukuthi akukho-muntu owayazi ngalo, uNkulunkulu ayethembise ukubanika lona. Niyabo? Isizathu, babenesithembiso ezweni, futhi babesendleleni yabo beya kulo.

¹¹⁶ Manje, ngolunye usuku isintu sasikunoxhaka, futhi nakho kufika Omunye emhlabeni, oGama linguJesu Kristu. Ukuthi Jesu kusho ukuthi "Jehova Msindisi." Futhi Wehlela eJordan lokufa. Wawela iJordan, ekufeni, futhi wavuka ekuseni ngePhasika, enobufakazi obubonakalayo ukuthi umuntu angaphila emva kokuthi afe. Haleluya! Ukufa akusiso isiphelo. UJesu wakufakazisa, ukuthi umuntu angaphila emva kokuthi afe.

¹¹⁷ Wama phambi kwabo, Wayesethi, ngaphambi kokuba Ahambe, Wathi, "Ekhaya likaBaba waMi kunezindlu eziningi. Uma bekungenjalo, beNgiyakunitshela. Futhi ngiyohamba futhi Ngilungise indawo. Ngizowela futhi ngilungise indawo, bese ngibuya, futhi nginibuyisele kiMi; ukuba lapho Ngikhona, nibekhona nani." Ekuseni ngePhakasika, emva...

Wafa, kwaze kwathi inyanga nezinkanyezi nelanga kwabanamahloni ngakho uqobo. Wafa, kwaze kwathi ibutho lamaRoma lagwaza inhliyo yaKhe ngo—ngomkhonto, namanzi negazi kwakwehlukene. Wayengofe-fi. Waya ethuneni, njengoba kwenza noma yimuphi umuntu. "Uphefumulo waKhe waya ehayidese," njengoba iBhayibheli lasho.

Kodwa ekuseni ngePhasika, Wabuya ekufeni, ehayidese, nethuna, wayesethi, "NginguYe owayefile, futhi seNgiyaphila kuze kube phakade, futhi nginezihluthulelo zokufa nezehayidese. NginguMuntu."

Bathi, "Uyithongo."

Wathi, "Ngipheni isemishi lenhlanzi." Futhi Udla inhlanzi nesinkwa.

¹¹⁸ WayenguMuntu owafa futhi waya eZweni, futhi wabuya enobufakazi obubonakalayo ukuthi umuntu angaphila emva kokufa. Kuzokwenzani ukufa ngathi na? Amen. Yekela ingcindezi.

¹¹⁹ Manje, akusikho lokho kuphela, kodwa Usinika isithembiso. Sasiyini na? Usinika isibambiso sefa lethu. Wathi, “Manje ukufakazisa lokhu kulo lonke ikholwa. Manje nehlela lapha ekungakholweni. Anilikholwa iZwi. Nihamba esonweni nezinto zezwe. Kodwa Okholwa yiMi unokuPhila okuPhakade, ukuPhila okungeke kwafa.”

¹²⁰ Qaphelani manje, uma semukela uMoya waKhe, thina esake safu esonweni naseziphambukweni, Usinika ukuZalwa okusha, ukuPhila okusha. Wenzani na? U...Siyafa futhi simbelwe kuJesu. Sivuka eMoyeni, sisuka ezintweni zezwe, siye ezintweni saseZulwini. Futhi kulobubusuku, “Sihlezi ndawonye ezindaweni zaseZulwini kuKristu uJesu.”

¹²¹ Mangaki amaKristu phakathi lapha asalithanda izwe na? Uma ulithanda, awusuye umKristu. Ungozisho ubuKristu, futhi hhayi onabo. Ngokuba uma umuntu eke wanambitha uKristu, ufile ezintweni zezwe, futhi akasenaso nhlobo isifiso sokubuyela kulokho.

¹²² Kwenzani na? “Ukuphila,” uPawulu wathi, “ukuthi ngake ngaphila, angisaphili. Nokho ngiyaphila, akusimina, kodwa uKristu kimi.” Ngani na? Wamvusa kuleleveli ephansi yesono sezwe, wenyukela endaweni thina qobo lwethu esingabuka emuva bese sibona lapho esivela khona. Udumo! Sibuke emuva futhi sibone lapho esake saphila khona. Manje siphila okwehlukile. Kuyini na? Yisiqiniseko sokuthi sifile, nezimpilo zethu zifihliwe kuKristu, ngoNkulunkulu, futhi sibekwe uphawu ngoMoya oNgewe, futhi sisuswe ngaphezu kwalezozinto. Manje-ke siyaphila, sinobufakazi obufanayo obubonakalayo Abuya nabo, ukufakazisa kithi.

¹²³ IZwe lihle kakhulu nalokhu yidiphozi. Lesi yisibambiso sensindiso yethu. Yimali yokuqala ebamba isivumelwano. Udumo! Ibamba isivumelwano sikaNkulunkulu, “Ozwa amaZwi aMi, akholwe nguYe oNgithumileyo, unokuPhila okungunaPhakade futhi akayikuya ekwahlulelwani, kodwa wedlulile ekufeni wangena ekuPhileni.” Yekela ingeindezi, mfowethu. Yebo, mnumzane. Amen. Niyakuthola na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.]

¹²⁴ Bukani, njengoElija lowomprofethi omkhulu, isifanekiso sikaKristu. UELisha, isifanekiso seBandla, okungukuthi, ingxenye ephindwe kabili kaMoya kufika phezu komprofethi. Waya ejordani ngoluny’usuku; isifanekiso salolusuku, lohulumeni nezinto esinazo manje; uAhabi, uJezebele, nokunyenokunye. Njengoba nikhumbula, intshumayelo yami kaJezebele. Qaphelani ngenkathi uElisha elandela uElija, ngesizathu. Amen. Wamyisa kuphi na? EJordani; eRamatot-Gileyadi, wenyukela esikoleni sabaprofethi, wayesehlela ejordani. Yileyondlela Akuthatha ngayo. Ngokulungisiswa, ukungeweliswa, bese uyafa, ukuba wemukele ukuPhila. Amen.

Hhayi ehlelweni noma esinye isivumokholo. Kodwa kukho ukufa emoyeni wakho, ukuze uzalwe ngokusha. NoElisha . . .

¹²⁵ UElija washaya lawomanzi, wahamba wawela iJordan, noElisha wamlandela. Futhi ngenkathi uElisha esebuyeleye emuva ezweni futhi, ngakwelinye icala, ubuya nengxenye ephindwe kabi.

Namhlanje, silandela uJesu ekufeni kwaKhe, ukumbelwa nombhaphathizo . . . ukufa, ukumbelwa, nokuvuka, njalo, ngombhaphathizo. SiyaMkholwa. Siyafa nya ezintweni zezwe, sivume ukuthi asilutho, sibhaphathizwe eGameni laKhe, simbelwe kanye naYe embaphathizweni, sivuswe naYe ekuvukeni. Imimoya yethu iphila phezulu ngaphezu kwezinto zezwe. Khona-ke sikuKristu. Manje sinengxenye eyodwa.

¹²⁶ Uma sesibuya ngaphasheya komugqa wokufa waseJordan, siyoba nenyi ingxenye. Imizimba esinayo manje, nemimoya esinayo, inesiBambiso, uMoya oNgcwele ongeke wafa, ngoba Uyingxenye kaNkulunkulu. Nemizimba esiphila kuyo. . . “Odla inyama yaMi futhi aphuze iGazi laMi unokuPhila okungunaPhakade, futhi Ngiyakumvusa ngomuhla wokuphela.” Amen. Yekela isitimu.

¹²⁷ Kwenza mehluko muni, amabhomu e-athomu noma yini enye eshayayo na? Mabenze noma yini . . . [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.] . . . kwalento eyodwa, ukuthi sinokuPhila okuPhakade ngoJesu Kristu iNkosi yethu. Ngakho sikhathazeka ngani ngalokho izwe elizokusho. Sikhathazekelani ngengcindezi. Akwenzi mehluko kithi. Ngani na? Ngoba singayekela isitimu.

[Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.]

Kufika lapho amathonsi amazolo omusa
ekhanya khona;

Kusikhanyisa macala onke imini no . . .
[Akuqoshwanga eteyipini.]

UJesu, ukuKhanya kwezwe.

¹²⁸ Manje namakhanda ethu ekhotheme, asiphakamise izandla zethu.

Sizohamba ekuKhanyeni, ukuKhanya okuhle,
Kufika lapho amathonsi amazolo omusa
ekhanya khona;

Kusikhanyisa macala onke imini nobusuku,
UJesu, ukuKhanya kwezwe.

¹²⁹ Baba wethu waseZulwini, uSathane uhluliwe empini. Bekezelani nje. Ningakhi isitimu. Ngimi lapha, ngishumayela ngokuthi “ukuyekela isitimu,” kwase kuthi-ke uSathane wacabanga ukuthi ubengangixosha epulpiti, angikhiphe kulokhu ukubizela ealtare. Qhabo, Nkosi. Enhliziyweni yami bekukhona okuthize okuvuthayo, kuthi, “Kukhona umuntu othize lapha. Kukhona umuntu othize ozingela leloDwala.”

SiyaKubonga, Baba, ngokunqoba. Ngenkathi lowomuntu wokugcina eya ealtare, izibani ziyakhanya. Ubonile ukuthi wehluliwe, ngakho ufanele nje ayiyeke impi.

¹³⁰ Lapha kumi, kulobubusuku, leyonombolo yomusa, imiphefumulo eligugu emihlanu. Isihlanu: u-J-e-s-u [J-e-s-u-s], u-k-u-k-h-o-l-w-a [f-a-i-t-h], umusa, u-m-u-s-a [g-r-a-c-e]. O Nkulunkulu, Wena unguNkulunkulu. Awehluleki neze. Uhlala njalo uqinisile.

¹³¹ Ngibuka, kumi lapha eceleni lapha, indodakazi kaDadewethu Wilson. Ngisayikhumbula leyontombazane encane. Ngiyakhumbula ngenkathi Uyibiza. Ngiyabukhumbula ubusuku eNew Market, eminyakeni emide eyedlule. Ezansi lapho ngalobobubuku, ngiyakhumbula, Nkosi.

¹³² Lapha kumi eduze kwayo, inenekazi, livela ezansi eNew York, ukuzogogobala nathi.

¹³³ Lapha kumi insizwa nentombi, kulokhukujika nje, lapho izwe liphandle lapha lenza zonke izinhlobo zemidanso yokungabi nasimilo nokuqhubeka. Bahambile, bezingela leloDwala.

¹³⁴ Ekupheleni kwe-altare kumi umfo omncane, izandla zakhe ziphakame, u—ufuna ukuthola iDwala. Jesu, UyileloDwala. Futhi Washo lokhu, “Nomaphi lapho kubuthene ababili noma abathathu eGameni laMi, Ngiyoba phakathi kwabo.” Khona-ke, leloDwala likhona lapha.

¹³⁵ Kungabonakala kuxake kakhulu, Baba, kulula kakhulu. Wenza izinto zibelula kakhulu, ukuze singaphambuki. Kodwa ngenxa yokuthi baphakamile baphuma esihlalweni sabo futhi beza esimemweni; ngoba, ukuthi, uSathane uzamile ukubavimbela ekukwenzeni, wonke umzamo abengawubeka ngaphambili, uzamile ukukwenza, kodwa wehluliwe. Manje, njengenceku yaKho, ngizobeka izandla zami phezu kwabo, futhi ngimemezele izibusiso zaKho. Futhi, Nkulunkulu, kwangathi kungalandela. Ngenxa yokuthi bathembekile futhi baqotho ukulandela ukuhola koMoya, ngenza okufanayo.

¹³⁶ Manje, ngicela ukuthi umphefumulo kadadewethu awusoze wabhubha, ukuthi isifiso senhliziyo yakhe sokuPhila okuPhakade uzonikwa sona, ngeGama likaJesu Kristu.

¹³⁷ Ngibeka isandla sami phezu kukadadewethu, futhi ngyiasi ukuthi izivivinyo eziningi simthandele. Ngiyazi ukhulekela umfana wakhe oyisithandwa. Ngiyamazi ubaba, njengoba izinyembezi zehla ezihlathini zakhe, kulobubusuku, njengoba edlulise lowophisi omncane wokweshumi. Futhi kulokhu ukusa, ngenkathi sikhuleka futhi sinikela umfana eNkosini uNkulunkulu. Lomama nobaba bayamthanda umntwana. Futhi, Nkulunkulu, bafuna indawo lapho nje abangayekela khona isitimu futhi bazi ukuthi yonke into ilungile. Baba, sikunikele

kuWe. Uzosipha khona. Asinakwesaba. Mnike lesosiqiniseko manje nje, Baba, ngeGama likaJesu ngiyakhuleka.

¹³⁸ Futhi, Baba, lensizwa nentombi beza ndawonye, ngakho ngibeka izandla zami phezu kwabo. Bazele ukuyekela isitim. Izithandani ezisencane kanje, abantu ababukekayo abasebasha, siyazi bayisicupho kakhulu sikadeveli uma kuphela ebengabasebenzisa. Kodwa bahlwithiwe, njengesikhumi somlilo. Beza ngoba bafuna ukuthola lowompHEME. Bafuna ukufika endaweni lapho abangavele bayekele isitim, bayekele ingcindezi, bazithulise bona phambi kukaNkulunkulu, futhi bazi ukuthi UnguNkulunkulu. Ngiyakhuleka, Baba, ukuthi Uzobanika lesosiqiniseko esibusisiwe manje nje. Kwangathi sonke isikalo esincane singaphetshezwa, khona manje.

¹³⁹ Lomfo omncane lapha, Nkosi, omile nezandla zakhe ziphakeme, yena impela lowo wokugcina. Futhi uthe nje angasukuma futhi wenyuka, amalambu akhanya. Leyo bekuyinombolo Obuyifuna, lokho bekuwubizo lwaKho. “Konke lokho uBaba aNgiphe khona kuyoza.” Into kuphela okufanele siyenze ukubamba iZwi lapho, nalabo uBaba abamisele ukuPhila bazolandela. Futhi manje uyeza. Ufuna ukuthola lowomfantu, Nkosi, ukuze ahlale phansi futhi aphumule isikhashana. Ngiyakhuleka, Nkulunkulu, ukuthi Uzomholela kulowomfantu khona manje.

¹⁴⁰ Kwangathi lonke iketango lingephulwa. Kwangathi yonke into, konke okuphikisanayo okuhluphe noma yimuphi walaba, kwangathi kungawa kusuke kubo manje nje; kwangathi leyonto encane, ulaka oluncane, okuncane noma ngabe kuyini, isimo senhliziyo esincane, lokho kukhathazeka okuncane, lokho kungabaza, leso sono esincane esithandelayo. Nkosi, njengomfowabo, nenceku yaKho, ngiyabanxusela, njengokuma phakathi kwabaphilayo nabofile. Nkulunkulu, ngiyayibiza imiphefumulo yabo. Ngiyakubiza ukunqoba kwabo, ekulaleleni ukubizela ealtare. Futhi siyazi ukuthi uSathane uzamile ukukumisa. Kodwa siyababiza, ngiyabiza manje, njengenceku yaKho. Futhi ngibayisa kuJesu Kristu, njengimiklomelo yomusa waKhe, imiklomelo yoBukhona bukaMoya oNgewe, kulobubusuku, Obabize phansi kwezimo ezelukhuni, futhi wabaletha eDwaleni. Kwangathi bangayekela ingcindezi manje, futhi bazi ukuthi uJesu washo, ukuthi, “Akakho ongeza Ngize ngimbize. Futhi bonke ozayo, Ngiyakubanika ukuPhila okuPhakade, futhi ngibavuse ngomhla wokuphela.” Kuxazululiwe, Nkosi. Ngibayisa kuWe manje, eGameni likaJesu Kristu. Amen.

¹⁴¹ UNkulunkulu anibusise, njengoba nimi lapho. Njengoba nibuyela ezihlalweni zenu, hambani futhi nazi ukuthi konke enikufisile, nasosonke isono esithandelayo nento ebingalungile, ingaphansi kweGazi. Isiphelile. Niyakukholwa na? Niyakukholwa na? Uyakukholwa, mfowethu na?

Uyakukholwa, dadewethu na? Niyakukholwa na? Khona-ke, aku—aku yikwenziwa; sekwenziwe. Kunjalo. Kuyinkathi edlule.

¹⁴² UNkulunkulu anibusise, okuhle kunakho konke empilweni nokuPhila okuPhakade, eseninakho manje. Nikhwele nangena, ngaphezu kwesono. Isono singaphansi kwezinyawo zenu. Bekungangisiza ngani, ngime lapha, ukuba ngnitshele into eyiphutha na? Bengiyobalwa ngokuthi ngingumdukisi ekupheleni kwendlela. Niyabo? Nemukele ukuPhila okuPhakade, ngoba nikholwe eNkosini uJesu Kristu. Manje nibeka eceleni sonke isono nawo onke amaketango, nihambe nikhululekile. Yekela isitimu. UngumKristu. Niphakame naba ngaphezu kwesono. Ninesibambiso senu sensindiso yaPhakade ngoba uKristu unemukele.

¹⁴³ Manje, Akashongo yini ukuthi, “Akekho ongeza kiMi uma uBaba waMi engamdonsi. Nawo wonke lowo ozayo, Ngiyakubapha ukuPhila okuPhakade futhi ngimvuse ngemihla yokugcina na”? [Abahlanu ealtare bathi, “Amen.”—Umhl.] Khona-ke sekuxazululiwe. Amen. Sekupheline. UNkulunkulu anibusise manje, abe nomusa kini.

NiyaMthanda, khona lapho na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.]

Ng’yaMthanda, ng’yaMthanda
Ngoba Wang’thanda kuqala
Wang’thengel’insindiso
Emthini waseKalvari.

¹⁴⁴ Bangaki ozwayo ukuthi ingcindezi yonke ayisekho na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.]

Ngigxilise umphefumulo wami okwehange
esikhoselweni sokuphumula,
Angisayikugwedla ezilwandle ezigubhayo;
Isiphepho singashwibeka phezu kokujula
okunesiphepho esidlebelekayo,
Kodwa kuJesu ngiphephe njalonjalo.

¹⁴⁵ Njengendaba kaCharles Wesley, enqabeni yakhe ezansi ngasogwini lolwandle ngoluny’suku, wayenendlwana encane. Wayetadisha. INkosi yamholela ezansi lapho. Wayetadisha. O, uNkulunkulu wayehamba phezu kwakhe, ngeculo. Futhi wayenga—wayengatholi lutho ukuqalela kulo. Wayeqalela entweni ethize, ugqozi lusuke kuye. Ngakho wahamba ehamba ngezinyawo ehla ngogu lolwandle, elalele amagagasi, futhi wacabanga ukuthi wayengathola ukuphefumulelwa okuthize, amagagasi ethi yaca. Khona manjalo, kwaqubuka isiphepho.

Ayikho into evele izenzekele nje. Yonke into imiselwa nguNkulunkulu. Akunandaba ukuthi kwenzekani, zonke izinto zizosebenza ndawonye zibe ngokuhle.

¹⁴⁶ Futhi waqala ukuya ngasendlwaneni yakhe encane yezingodo. Ngenkathi enza, imimoya yavunguza. Wacabanga, “O, ngizopheshulwa kulokhu, u—ugu, ngingakafiki laphaya.” Wayesedonsa ibhantshi lakhe elenyusa, wayeseqala ukugijima, nento ethize yandizela esifubeni sakhe. Wabuka emuva, futhi kwakungumzwilili omncane, uzokhosela. Wavele wawubamba nje esifubeni sakhe kwaze kwedlula isiphepho, nelanga liyaphuma. Wabeka umfo omncane phezu komunwe wakhe, wayesemyekela esuka endiza. Futhi wasuka wandiza, kwase-ke ukuphefumulelwakumshaya.

Dwala leMinyaka, ngivulekele,
Mangicashe kuWena.

¹⁴⁷ O, ngiyakuthanda lokho! Dwala leMinyaka, leloDwala ezweni eliyethileyo, uMpheme ngesikhathi sesiphepho. Niyabo? LeloDwala ezweni eliyethileyo, Wena ngifihle. Ngifihle, O Dwala leMinyaka, ngivulekele. Ababhalu abakhulu ababephefumulelwabamaculo nezinto esizijabulela kakhulu namhlanje!

Wena uthi, “Ngabe lawomaculo aphefumulewe na?”

¹⁴⁸ UJesu wabhekisela kuwo ngenkathi Elapha emhlaben, wathi, “Akulotshiwe yini emaHubweni, uDavide washo into *ethize-thize na?*” Impela, aphefumulewe. Njengokushumayela nje kumbe noma iyiphi enye into, iphefumulewe.

¹⁴⁹ Ngijabula kakhulu ukuthi nginesiPhephelo. Esinye isiphephelo anginaso. Ya.

Amathembammi alakhelwe kokungaphansi
KuneGazi likaJesu nokulunga;
Lapho macala onke umphefumulo wami
unikeza indlela,
Khona-ke Uyilonke ithemba lami nokuhlala.
Ngokuba kuKristu, iDwala eliqinile, ngiyama,
Yonke eminye imihlabathi iyisihlabathi
esibishayo, akunandaba ukuthi kuyini.

¹⁵⁰ UNkulunkulu anibusise. Umelusi wenu manje, uMfowethu Ruddell. Ngiyaxolisa, uSathane ucishe lawomalambu, kodwa uNkulunkulu wathola ukunqoba, noma kanjani. Amen. 

UKUYEKELA INGCINDEZI ZUL62-0513E
(Letting Off The Pressure)

LomMlayezo ngo Mfowethu William Marrion Branham, okokuqala wethulwa ngesiNgisi ngeSonto kusihlwa, ngoMeyi 13, ngo 1962, eGospel Tabernakeli eJeffersonville, eIndiana, U.S.A., uthathelwe ekuqopheni kweteyipu enozibuthe futhi washicilelwu ungafinqiwe ngesiNgisi. Lokhu ukuhunyushwa ngesiZulu kwashicilelwu futhi kwakhishwa yiVoice Of God Recordings.

ZULU

©2016 VGR, ALL RIGHTS RESERVED

VOICE OF GOD RECORDINGS, SOUTH AFRICA OFFICE
58 DISA ROAD, ADMIRAL'S PARK, GORDON'S BAY 7140 WESTERN CAPE
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

VOICE OF GOD RECORDINGS
P.O. Box 950, JEFFERSONVILLE, INDIANA 47131 U.S.A.
www.branham.org

Inothisi yelungelo langokomthetho

Onke amalungelo agodliwe. Lencwadi ingaprintwa kwiprinta yasekhaya yenzelwe okuqondene nomuntu noma inikezelwe, ngesihle, njengethuluzi ukusabalalisa iVangeli likaJesu Kristu. Lencwadi ingethengiswe, iphinde ikhiqizwe zibe ningi, iposwe kwiwebsayiti, igcinwe ngohlelo lokuthi iphinde itholakale, ihunyushelwe kwezinye izilwimi, noma isetshenziiselwe ukuzicelela izimali ngaphandle kwemvume ebhaliwe eshiwoyo ye Voice Of God Recordings®.

Ngolwazi olwengeziwe noma olwenye impahla ekhona, siza uxhumane ne:

VOICE OF GOD RECORDINGS
P.O. Box 950, JEFFERSONVILLE, INDIANA 47131 U.S.A.
www.branham.org